

Udabukela amakhehla ungqongqoshe

EZABALIMI: Ugqugquzela intsha ukungena kwezolimo

THAMI SHANGASE

ABALIMI baKwaZulu-Natal baphoqekeka ukusebenza noma sebe-yimidodovu yamakhehla nezalukazi ngenxa yokushoda kwabazongena ezikhundleni zabo.

Lokhu kuvele eProtea Hotel Edward, eThekwini ngeledlule esigcawini sokwamukela abafundi abali-15 ebebeyothekela ulwazi lokupha-thwa kwemfuyo namapulazi eDenmark ngonyaka odlule.

Ungqongqoshe wezoLimo nezokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natal, uMnu Cyril Xaba, uthi abalimi abakhona basebenza noma sekumele bathathe impesheni ngenxa yokushoda kwabo.

UMnu Xaba uthi basazoqhubeke nokuhambisa intsha iyoqeqeshwa eDenmark ukuze bathole ulwazi olunzulu ngokuphathwa kwamapulazi.

Uthi sekuyisikhathi sokuthi intsha ingene kwezokulima ngoba umhlabathi yiwona oqukethe ukunotha kwale lizwe.

"Le nyuvesi abebeqeqeshwa kuyona laba bafundi (iDulam University) izezingeni eliphezulu futhi iDenmark ihamba phambili kwezolimo," kusho uMnu Xaba.

Uthi umnyango wakhe uzoqhubeke nokuxhasa abafunda ukufu-



ndela ezolimo KwaZulu-Natal.

Lolu hlelo lokufundisa abalimi abasebasha kuthiwa lwenziwe wumnyango ubambisene ne-Agribusiness Development Agency.

Abafundi bacijwe kabanzi kwe-

zokufuya nasekuzalaniseni izilwane, ukulima nokuphathwa kwama-pulazi.

I-Dulam University ihamba phambili emhlabeni wonke kwezolimo.

Lolu hlelo kuthiwa luzoqhubeke nangonyaka ozayo kwazise kukhona abazohamba kule nyanga baze babuye ngesikhathi esifanayo ngonyaka ozayo.

Bazobe befundiswa yiwona lo

UNGQONGQOSHE
Cyril Xaba
ongowesithathu
kwabahlali,
uzimisele
ngokuthi
umnyango
wakhe ukhiqize
inqwaba yentsha
engabalimi
njengoba
kubonakala
ngemuva abantu
abasha
abebethunyelwe
eDenmark
ukuyofunda
ngalo mkhakha.

mnyango.

UMnu Xaba uthi kubalulekile ukuthi uhulumeni ngokubambisa nomkhakha wezolimo, bahehe intsha ukuba ingene kulo mkhakha ngokuvula amathuba kuyona.

Uthi ukufakwa kwentsha kwezolimo ngenye yezinto eziqhakanjiswa emnyangweni wakhe ukuze izizukulwane ezizayo zibe ngabalimi.

Uthi kumele izingane zifundiswe ezolimo zisakhula.

"Sesiphelile isikhathi sokuthi abantu basebenze nje emapulazini bahole amakinati, sekumele babambe iqhaza kuyona yonke imikhakha. Kakumele babuke ezolimo njengomsebenzi wokugqilaza abantu," kusho yena.

Umnyango uthi uhlela ukufundisa intsha ngamathuba akhona kulo mkhakha, itshelwe ngokubaluleka kwawo.

Kumanje uMnu Xaba uthi usebenzisana noMnyango wezeMfundo ukuzama ukufaka ezolimo ezikoleni.

Uthi sekufakwe imali ezolekelela abafundi ezikoleni ezine ezigxile kwezolimo eNingizimu Afrika.

Leyo mali iyosiza ekuthengeni izinsizakusebenza uma sekuwenziwa umsebenzi wezandla.

thamis@ilanganews.co.za

ILANGA PG 6
July 5, 2015